



KEYNOTE ADDRESS BY THE MEC FOR THE DEPARTMENT OF AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT HON. MRS THEMBENI KAMADLOPHA-MTHETHWA DURING THE LAUNCH OF FRUIT TREES

VENUE: DUNDEE eNDUMENI LOCAL MUNICIPALITY

DATED: 21 APRIL 2026

Mphathi wohlelo

Her Worship the Mayor, Cllr TH Mchunu

Ward 2 Councillor

Councillors of uMzinyathi and eNdumeni

Acting HOD Dr Fikile Qwabe

EXCO and Manco members

All government officials

And Student body representatives

Kuyintokozo kimi ukuba sizokwethula uhlelo lokuqala loMnyango lokugquguzela imiphakathi nabafundi ukuba babe yingxenywe yezinhlelo zokuthuthukisa ezemvelo nokongiwa kwayo. Uhlelo lwanamuhla luhambisana ne 'One Home One Garden' lokugquguzela nokufaka isandla kwethu njengemiphakathi ukuba siziphilise ngokudla nezithelo ezinomsoco. Lomkhankaso we One Home One Garden ne One Institution One Garden sesingeze ukutshalwa kwezihlahla 'One Home One Garden, One Fruit Tree'.

Siyazi ke ukuthi iNingizimu Afrika isingatha usuku nesonto lokutshalwa kwezihlahla I National Arbour Week ekuqaleni kukaMandulo uSeptember, thina njengoMnyango wezoLimo KwaZulu-Natali sithi lezihlahla azitshalwe zonke izinsuku. Asigquguzeli izihlahla zasendle noma ezokuthamela umthunzi nje kuphela, kepha eziqinisa amasosha omzimba zezithelo ezifana nolamula, amawolintshi nama naartjie.

Siyazigqaja ke njengoMnyango ukuthi siyingxenywe yokufuqa lomkhankaso wokulekelela ekutheni abantu badle ukudla okuzobalekelela ukuba babe nempilo. Sikhiqize isibalo esingaphezulu kuka three thousand siyisifundazwe salezithelo. Zonke izifunda ezingu 11 KwaZulu-Natali sizinika izihlahla zalezithelo ezingu 256 sinika imiphakathi eyahlukahlukene nezitshudeni esifisa ukuba zibe yingxenywe enkulu yokufuqa lomkhankaso. Kuzoya ngokuthi lezo zifunda zilungele ukutshala ziphi izithelo.

Odokotela bezempilo bayasigquguzela ukuba singahambeli kude nezithelo ezifana namawolintshi nama naartjie ngoba konke lokhu kusinika u Vitamin C, olekelela umzimba wakho ukuba ulwisane nemfiva, uphinde ubhekane nezilonda, kanti ulamula uyakusiza ngokuqinisa isikhumba sakho sigcine simelane nezinto eziningi emzimbeni. Izithelo ezifana namawolintshi nolamula zisiza ukuba igazi lihambe kahle emthanjeni yegazi.

NjengoMnyango kuyasijabulisa ukuthi senze isibalo esingaphezulu kwesikazwelonke sokutshalwa kwezihlahla. Sizohubeks ukuba silekelele izitshudeni, nayo yonke imiphakathi ngalezihlahla elekelela emthamweni wokudla ukuba imiphakathi ingasweli ukudla.

Sithi okungenani umuzi nomuzi ube nesihlahla esisodwa salezithalo ezidliwayo. Thina njengoMnyango sizolokhu sizikhiqize njalo ukuze zilekelele imiphakathi ngokudla okuno Vitamin C.



Siyabagquguzela nalabo abafuna ukwenza ibhizinisi lezithelo ngoba umvuzo mkhulu kakhulu kubona ikakhulukazi uma uhweba namazwe aphešheya. INingizimu Afrika ingeyesibili emhlabeni jikelele ngokukhiqiza izithelo ngamaphesenti angu 24, ilandela izwe I Spain ngamaphesenti angu 25. Okusho ukuthi uma uphešheya kwezilwandle ubona izithelo ezifana nolamula, ama naartjie, amawolintshi namaganandoda asuke emaningi amathuba ukuthi kusuka lapha e Ningizimu Afrika. Ngonyaka odlule lelizwe likhiqize amakhathoni alezithelo (cirtrus) angu 15 kg angu 203 million. Silindele ukuba sikhuphuke lesisibalo kulonyaka u 2026.

Nakuba ke sikhinyabezwa intengo yaseMelika, ukunyuka kwentengo kawoyela ngenxa yezimpi eziqhubekayo esifundeni i-Gulf kepha kuyasithobisa ukuzwa ukuthi lo 30 wamaphesenti awuzukubalwa kumawolintshi kwabahweba neMelika. Izwekazi i-Europe yiyona eshamba phambili ngokuthenga kakhulu imikhiqizo yethu yezithelo ngo 35 wamaphesenti kulandele I Middle East ngawu 19, Asia ngawu 15.

FOOT-AND-MOUTH DISEASE

Izolo ngoMsombuluko siqale umkhankaso wethu wokugomela isifo samatele ngaphansi kwesifunda iZululand. Simatasa oPhongolo naseDumbe la amathimba ethu oDokotela bezilwane aholwa u Dr Sikhakhane be phansi naphezulu ngemijovo ezoletsa uzinzo emkhakhani wezolimo. Siyaninxusa nani mphakathi waseNdumeni namaphethelo aseMzinyathi ukutbi nisabelo kulelikhwelo lokuba nibe nizilungiselela ngokuthila umgomo. Sesiqedile ukugoma oGwini, e Harry Gwala kanti eMkhanyakude siqede ngeledlule la sigome khona izinkomo ezingaphezulu kuka 172 thoudand kanti isifundazwe sonke sesijove imfuyo engaphezulu kuka 666 thousand, okwenza ukuba sesikhathule indima engamaphesenti angu 27 njengoba sibheke ku 80 percent wokugoma cishe imihlambi yezinkomo esifundazweni.

Siyathokoza.